uhlasela kwabelungu kwaZulu ngo'1879.

KUQALA KOKUHLUPEKA.

ate: uba bamfikise eKipi, hau! i sebemyisa lapo kuhlezi kona e, lowo amtanda kakulu, owabe vela eti kaletwe kuye, banqaba ungu kanti uNkulunkulu yena i ukuti bogcina ngokuhlala nda-ye njengokufisa kwake!! Yebo-ke ngalibalele wahlala nayo indodana eysbe imkalela. Latsha-ke icala bantu ebuzela inkosi yakwaZulu ulawa ingenzanga luto olubi. gcina lamlahla uSir Bartle Frere lumeni omkulu waseKipi, kwatiwa nwa icala elibi elenziwe ngu-hwayo kabelungu; kuhle abuyi-ezweni lakubo. Wawela-ke guni omkulu waya Petsheya, eta-ukuya kubona uKwini nezwe England. Wawela nezinduna zake bozane kaVukuza wakwaMpu-e noPosile kaManyosi wasema-teni naye belu uMkosana ka-qwana wakwaZungu oseloku ahlezi nayo inkosi, nabanye kanye bhuza kaSomtseu (Mr. Henrique stone) oyakuba ihumusha lenkosi isikuluma namakosi amakulu neya. Yahamba-ke yaya yafiye-kona. Yambona uQueen Victoria nce Edward waseWales nezikulu numzane abatile. Yabuyiswa wi lokuti mayipindele ezweni kwaZulu iyohlala ibuse abantu. Nembalake waguqaka uJini-omnyama, waguqaka etokozile e ubukosi noko no olukulu, ese-e ukuti kanti uKwini nezikulu England zinomusa kubo bonke tu nokuti eEngland akubandhlu-muntu ukupela laba belungu outh Africa ababandhlulula-abaketa ipela emasini. Waba-ke waya wafinyelela eKipi lapo kade ehlala kona. Nenkosi Hlubi yajabula kakulu isibona dana iguqukile ivunyelwe ukubu-ekaya. Kulapoke lapa yati a kwasokukona uSomtseu ka-ona epuma lapa eNatal, esetunye akuza kuhlipiza ubuhle obubuya ni petsheya.

I. Kute-ke uba ifinyelele eKipi i yabizelwa ebandhla ngolunye u, kwakulunywa kwatiwa mai-ukuba izwe elinganeno kwo-tuse (ukuti ngaseningizimu kwa-sia) malibuyele ngakubelungu nganiswe nelaseNatal, kusale asenyakato kwaZulu. Inkosi ya-impela kayaze yakuvuma loko. oSomtseu nebandhla lakubo kelela kuloko kwaza kwapela nga amaningi bengavumi uku-ezwini labo, betsho nangomlomo uma inkosi ingakuvumi loko kuya kwaZulu noma kunqunywe ehiwo njalo petsheya. Po, inkosi a ukuti ainaksiza luto kube-u baseAfrika yaza yavuma inga-i, base belobake sebeti mayenze ile, lonkeke leli elingase-isimu kwomfula uMhlatuze seli-aniswe nelaseNatal. Yiko loko okubi okwaqala ukuveza ububi a bagcina ngokuyiqeda nya i, ngazo izindaba zokwenzela nye ubuqili bokuzama ukumbu-ngi boni njengemikuba leyo emi-esiyizwa ngendaba eyayenziwa akijana boGcololo, uMahlab'-d'isemu, uMpepi wenduku zabafo-ayo lendaba kumbe kube njalo, ngisezakutini? Yawela-ke inkosi yela kwaZulu njengokutsho ku-wini, owati maibuyiselwe ezweni bo, iyokuhlala nabantu bayo nje-oku yabe ihlezi nabo izwe lakwa-lingakapangwa muntu, kunga-a luto kulo ngitsho nokezo olu-a. Kwatunywa yena uSomtseu ayibuyisele inkosi kwaZulu. ata idhlanzana lamabuto ampele-waya wafinyelela kwaZulu. e uZulu esebutene lapo nsongoso sekuduma nje izwe lonke. Lo-ela kunjalo njalo sekwasala kwa-olunye uxaboi; kwat'uba itatwe inkosi ngabelungu, uZibhebhu apita okwashiywa kuye yonke hla nomdhlunkulu ngokutembeka ke, basale abelungu bamfaka ulimi ti, njengokuba uyazi naye (uZi-hu) ukuti owakwaZulu umuzi ubuswa ngomhlalapansi ubuswa kali, loku naye engowokuzalwa Zulu, ezalwa nguMapita kaSojisa ma, angawatata nje naye awu-Kwabe lapo kunjalo njalo bene noNdabuko kanye nabo e abenkosi; esetate umdhlunkulu hiywa kuye yinkosi wamgana wa-nempahla futi eyashiywa kuye u esebanga ukuti kufanele uDi-n eze kuye azokwakelwa ilawu ni wake (uZibhebhu.) Kepa abuko ongowakwabo 'nkosi woku-a) kwamkohla loko ukuti kuzanti tanake adeliswe yena, ezalwa Ngqumbazi kuMpande, ayiswe ku-bhu ezalwa nguKundhlase ku-ta. Ngaloko kwasokuba kona abana nokungezwani pakati kwo-namaNkentshane akazibhebhu, o bonke abakwaMandhlakazi. uZibhebbu wabe enabelungu lulekayo, ebarolela. Bheka pela onke lakwaZulu lase lingelake. ombango wavusa ingxabano enku-agcina ngokuba kulwiwe. Impi qala ingakafiki inkosi kwaba aseMsebe, lapo kwapelela nya uSutu lwabulawa nguMandhlaka-wayigwaza wayiqeda yonke eka-uko kwasala abantu abangeba-inganti impi ibe inkulu yesa-

IGatsha lika Congress lase Mgungundhlovu.

Umhlangano weGatsha lika Native Congress ubuhlangene ngoMsombuluko April 14th. Beku umhlangano wokuketa abaholi bonyaka. Kutobeko nokuzwana kube into enkulu kwakulunywa ngomoya omnandi. Umhlangano wavumelana wonke ukuba isihlalo sipatwe uVice—President W. S. Radebe we N. N. Congress lapo kuketwa izihlalo zeGatsha. Wabusa umhlangano ngomoya omaandi, watf kuse madoderi ukubona abafanele ukuhola kulonyaka yenake uzakuvotisa kube kupela. Ukuketa kumi kanje:—

W. M. Msimang	Chairman
J. S. Gumede	Vice "
J. E. Radebe	Secretary
J. Shabane	Asst "
E. Radebe	Treasurer

Ikomiti

S. Cele
G. Ndimande
A. Mkize
N. Ntuli
J. Lutuli
J. Xulu
Zama

J. E. Radebe.
(Secretary.)

Ezinye izigaba z tini ?

(Ngu P. J. G.)

Amapepa Mhleli weLanga ayakuluma namhla asetitinya eze'zwetula. Abamhlope abenza amagabavu aloko ababona ukuti kungaba kugujwa umkosi ofanele. Iteku selike laqula umhlangano omkulu abamhlope kanye nabansundu bengcinga okuyizona zinto zingafanela ukwenziwa. Baze baziklama ezinye beaza wona njalo amagabavu.

Ngiyazi amaSonto kumbe amaBandhla angeke aqonda luto ngoba wona ayade'elana kukona amakulu kunamanye, kukona ayakuya ebomini ati amanye akayi kuya lapo, ongaya kona ebomini angaya ngawo. Wo, ngenxa yaloko angibheke luto.

Nakulawa angamaProtestant ake ati ngamunyaka abiza abaholi ngabaholi eP. M. Burg azaka ahambahamba. Angazi ukuti kwashonapi. Uma bekusekona ngabe ngiti, maBandhla akaVumandaba nowngubha ngani umkosi wezwetula? Ninalizwi kulomkosi nina? Niyaungena ngalipi loku nanku umkuleko wenu wamasonto ngamasonto izinsuku ngezinsuku upendulwe nguZindhlebe zizwa konke? Abaholi bezihlalo konje kwakungobani? Wacitwa yimpi lowomhlangano yini? Naniyihlasele nonke? Qa, loku uRev. A. N. Mutyali engagcina eyisihlalo waengayipumile. Nina maBandhla nowngubha ngani? Kanjani? Siyabuza Mhleli. Bapi oRev. A. Mtimkulu abake beze naoPalala umkosi naoLamula ungaziyeka zibulalane? Namhla kusingetwe ezokutula. Abantu benkosi yokutula mabangatuli. Yati ukutula ifa elishiya nabayo. Uma sekuzukazwa lezi nabo nga bewenza umkosi wokutula wohlobo olutile izinsizwa zazimunye emiseleni ezimhlope emacwebeni imidaka ifanele ibe munye ekugubheni lowo mkosi.

UCongress ngiyessba ukumtinta ngoba abantu abatanda izikali akuvumi ukuba bazibeke pansi kahle. Noma kunjalo ngiyashwapukeza ngiti, Upi uCongress? Kwaxoxwa ezokutula okokuba kufunwa into ezokwenziwa tina sati loku siti bakona abaholi sabona kutule kute nya, kwangati kuxoxwa ngako nje asizwa kahle yini? Akufanele yini sikululeke akufanele sijajele ukuba kufike? Baholi nokuwela pela loku eniximbeke ngako kuhle. Nina kanangxangaza kungxangazwa ngodaba oluble? Zonke izihlalo ziyawela yini? Ngahle konje ngibe ngiyayeka nje? Ylya, Maize kanye. Shi-shi--shi-shi. Ha-ha yaidhla. Dhlala, Shi-haha onjengenja!

Uma umuzi waseTekwini ngubha nangezikole ezipuma emapandhleni alo kanti iNatal yogubha ngani? Uma umuzi wona ungaba nemali kanti eyeNatal incane yini? Pela loku sikuzwa ngabasiki bebunda, asazi nangqikiti. Po, lona ugedhla lwemfundo noNdabazabantu bogubha ngabapi loku abakwake abangamapandhle eTeku sebelapo? Uma ngisho ugedhla ngisho uDr. Loram. Siyapumputa asazi luto sipumputa kwabakiti sipumputa kwabamhlope ngoba pela izinto zonke zibamba ngemincele. Uma uCorporation waseDurban ekipa imali engapezu kwama £700 ngomkosi wokutula, iNatal ngoNdabazabantu yokipani? Asizwa ngoba sitanda siwubooa upelela uMkosi imizi ihlaugane nezwe. Okwanamhla sizwa umuzi seungquzule namapandhle asikezwa ngabapati bezwe Kuyabonakala kuzoba kukulu. Kepa Mhleli kupefumule kuhlaziye. Sifuna ukwazi lapa sikona tina Natal.

UHLIKIHLE.

Umuntu oshaya iGolf noshaya ibhola ufanele ukwazi ukuti uChamberlain uyapilisa lapo ukutshaze kona. Lomuti uyinto nje yokuhlikihlwa uma usudhlalile. Zonke izibazi zelapeka njengonyazi, futi welapa utshetshe kunemiti yonke ngokupindwe katatu. Ungawutola yonke indawo.

Ugqibula izimpande eziyisifo esikumbeni

AMANDHLA AMANGALISAYO KAZAM-BUK.

Lamandhla kaZam-Buk okubek' induku yonke imiti atshiwo lapa ngezansi, akombisa ubuqawe balomuti. Uma unesifo esikunjeni sako, kugcwele zonke izilwanyana lezi, ngeke wazelapa ungafakanga lomuti.

UZam-Buk uqeda nya zonke izilwanyana ohlangana nazo kuze kuti ke lapo bekukona ukufa loko kuhlanzeke. Amakambi la ahlanganiswayo bese kwenziwa ngawo uZam-Buk ahlumisa amandhla, nesikumba esisha usivezo ungapindi ukutole loko kufa,

UZam Buk uyinkunzi malanga, welapa ubuye udhlule yonke eminye imitana. Uke wati qabavu esitolo watinta uZam-Buk ngesihloko somunwe wakata lapo uzwa kon'ubuhlungu, ungeke uwudele ngisho noba utinte nje lapo kubuhlungwana kona. Akusizi luto ukuhlanganisa izinyamazane uzi ncinde ngodengezi uma ungase ube noZam-Buk. UZam Buk lo awunsangu uyinhloko yayo yonke imiti, wonga imali, ngokusheshisa nangokungagevi kwawo, uhlumisa ngisho nesikumba sako emzimbeni.

Welapa izil nda zokakayi, nezomzimba omubi, nezinduna, nezezilalo, nezemibandama, nezihlihlayo, nezokuntinyelwa yizilwane, nezokuruzuka etsheni; nezokusikwa, nezokufa kwamatambo, nazo zonke izinhlobo zezilonda.

Hlala unoZam Buk eduze, utengwa emaKemisi nasezitolo, ngedosha lika-1s. 6d. nangelika 3s. 9d., uma utanda tumela kwa "The Zam-Buk Co., 9, Long Street. Cape Town.

Ezase Mpolweni

UMiss Paterson oseya kwelakubo petsheya Siyadabuka ngoba eyofika abazali bengasapelele. UYise. use sekupumleni okupakade.

o o o

UMiss S. Dewar waseP. M. Burg oke wanezinsukwana eGirls' Institute ngenxa yokungapili kahle.

o o o

Sijabulile ukubona oMisses R. Mbuli, L. Ndhlovu, N. Tshange, B. Kunene, M. Mngomezulu noJulia Zondi, beze kokudhla iHolide. Bafunda eEdendale Normal. Ca, Babukeka bepilile kahle.

o o o

UMiss L. Zama olidhle iHolide lake eGirls' Institute kumngani wake uMiss M. B. Kambule.

o o o

OMesdames Ntombela & Mcunu baseLadysmith abake bati qu bezobona abazali nezihlobo.

o o o

UMr. C. Mtyali esizwa ukuti ubeseVerulam ngeHolide eyolimaza umunwe wesibili esandhleni sekohlo sikaMiss Matiwana. Simfisela impumelelo.

o o o

Bahlupekile abantu baseMpolweni ziyafa kabi izinkomo zabo.

o o o

Sengati iSecondary nePrimary Schools isizobuyela ndawonye ngoba uMiss Taylor usezotata noStd V wabafana kanti bebepetwe uMiss Evelyn Mtyali. Asazike ukuti kugunyeni kubapati bemfundo.

o o o.

Siyadabuka ukuzwa ukuti uqweqwe lukaMpakati seluyagcina ukufundisa eMpolweni.

o o o

UMiss M. Mkize olidhle ePinetown iHolide.

Eze Bhola.

Ngizwa ukuti ngo (18th 4. 19 nge Good Friday ukuba bezibambene lapa Ezimbokodweni ezamaCallies F. C. kanye namaTeams smatatu abebizwe iwona sma T. C., F. C. Po indaba ayizekeki izinkunzi zikishwa enkundhleyazo ezinye izinkunzi.

iT. Jumpers F. C.	3 goals.
T. Callies F. C.	2 goals.
Old Natalians	2 goals.
T. Callies	1 goal.
Crocodiles	2 goals.
T. Callies	Nil.

Bheka akwaziwa nonyaka lapa eTransvsal. IT. Callies F. C. yatata iCup ngapandhle kwendhlela. Pho siza Mr. Malinga hlawulisa onke lamaTeam ahlule iCallies enkundhleni yawo.

Yimi,
SIZWILE.

Ezase Dundee.

(Ngu MBHALELI.)

KuMhleli "reLANGA."

Mngane njengoba ngingumketwa ukuba ngumhbaleli mapepeni, ngiku nxusa ukuba ufake lendaba yomuzi omusha owakelwa abantu ngapakati bomuzi (Town Council) balapa eDandiya. Angiti sekuzwakele kodwa ngawo lomuzi ukuti usukona, kusele kunye engiti akukezwakali kumuntu. Lomuzi engikuluma ngawo uvulwe ngoMarch lodhlule, kanti kwati kona ungakapeli kwase kwenzeka kona udumo olukulu. Loku kubonakalisa ukuba nempela ngumuzi wabantu kwakungakapeli, kodwa udumo yilolu:

Kwati ekugcineni kwenhlangano yamaWesili (Wesleyan Synod) njengoba yayilapa monyaka yenzelwa udumo ngokuvula umuzi ngeConcert eyaziwa ngegama lokuti, Choral Nightingales kwaba kona abapati bomuzi waseDundee nabafundisi nabatunywa teSynod kwakuhle impela. Ngomcabango ke kaMfundisi Msimang ukuba kube kona ukubonga isenzo somzi wase Dundee wabhala lencwadi:

"To His Worship the Mayor and Members of the Town Council of the Borough of Dundee:

Gentlemen On behalf of ourselves as Christian Natives and others living within the area of the Corporation of Dundee, we wish to convey to your Worship and other members of the Town Council of the Borough of Dundee our hearty and sincere thanks for the keen interest which the Council has shown to our physical and social welfare.

We appreciate the beautiful building which has been put up by the Council for us, namely the Hostel and recreation Hall.

This is perhaps the first instance in which the claims of Christian Natives have been recognised to such an extent. The buildings are worthy of men who designed them.

The presence of your worship, the Deputy Mayor and senior members of the Council together with Rev. H. Cotton who is head of the Wesleyan Methodist Church in the District of Natal at the Concert held during the Sessional of the Wesleyan Synod and which concert was made an occasion at the opening of the New Hall, crowned the enjoyment of the evening.

In the conclusion and in order to facilitate the orderly and decent use of the Hostel Buildings and in order to provide a medium between the Council and Corporation Natives we beg to apply for the creation of a Native Advisory Board or Council consisting of, say, seven members chosen from among Natives living within the Corporation area. This we think will keep the Council informed of the condition of Natives, of their wishes and will make it possible for the Council to communicate its wishes and it will check the buildings from being used as an haunt of immoral and suspicious characters"

Lencwadi yasiwake pambi kweTown Council. Yabuya nalaba ukuba babe yiAdvisory Board, engiti kuyaqala ukuba kwenzeke. Angisho ukuti likona elinye idolobha elenze loku neselake lakwenza Yabuya impendulo yati, Kositokozisa ukwazi amagama alabo enobaketa. Nempela kwabutwa umhlangano waloko. Kuwo kwakukona noMr. P. ka I. Seme owaluleka kakulu ekuketeni. Impendulo ibuye yati, Siyawamukela amagama alabo enibakete ukuba babelibandhla lokucebisana nati, kusho iTown Council yalapa eDundee. Amagama ke yila, sli10. Mr. B. M. Kunene (Chairman Pro tem) by 16 votes, 2 Rev. S. Msimang wamaWeseli by 10 votes, 3 Mr. F. Bengane by 9 votes, 4 Mr. D. Radebe by 8 votes, 5 Rev. Mkize waseSwidi by 7 votes, 6 Mr. I. Tshabalala by 7 votes, 7 Mr. K. Sibiya J. Secy (Pro tem by 7 votes, 8 Mr. F. Mpinkulu Kubheka Reporter by 7 votes, 9 Mr. F. Kekana by 6 votes. 10 Mr. S. Gumbi uMkatikizi wamaChurch of England by 6 votes

Lamagama yiwo apumele ukuba yibandhla lokululeka njengesicelo nesibongo sencwadi kaMfundisi Msimang kusukela mhla ivulwayo njengoba iHall yona yapela kuqala, yavulwa ngeSynod yamaWeseli njengoba ngishilo ngomhla ka25 January.

Kuze kube namhla ngamaConcert kupela ayipumuli neze njengoba kuseli gugu nje yinhle futi ikanya kahle ngoGesi nemali isatolakala kwaba maConcert.

Sesobuye sinityele sishiyela nabanye pela ipepa ngelabo bonke.

Sibongel'ingomuso.

INGOZI INGEHLAKALA.

Into engenakwenzeka ukuvimbela ingozi, kodwa kungenzeka ukuba uhlale uyilungele. Idoshana lika Chamberlain liagcze laze liqede imali yako. Uma unegabha lika Chamberlain uqapile. Utengwa yonke indawo.

Ezase Mat kulu

(Ngu NTATELI.)

Litetiwe icala lkaTshiyabantu kaTshitshi noChief Puta kaLokotwayo. Langena ngolwesiHlanu, April 4. Wafikake umtetimacala kona kwa Gingindhlovu, wafika noPuta nezibonda zake noTshiyabantu naye nehelana lake, loku uChief Puta wase etsheliwe kwatiwa angabe esazihlupa akulume sekuyindaba kaHulumeni naye oka Tshitshi. Yakipa incwadi iMagistrate epuma kuHulumeni wabizwa uTshiyabantu wafundelwa leyoncwadi. Nanka amazwi kaHulumeni:

"Wena Tshiyabantu ungumuntu kaPuta noma kunjani uma uhlezi endaweni kaPuta. Ungabekwa uPuta ube yinduna yake uma etanda yena. UPuta unamandhla okwenza noma kuntoni kuwe uma etanda yena, nokukususa angakususa uma etanda endaweni yake. Tobela yena wena akusenaku pindwa kukulunywe nawe ungapinda kuzotetwa nawe icala legazi, wolimala. Ungasoli uPuta inkosi yako uma usendaweni yake. Lapela lapo. Tina siyambonga uHulumeni.

URev. Shembe usevule isikoli emzini wake opakati kweShowe noGingindhlovu eJudia igama lawo, kuyaduma izingane.

Ngike ngati shazi uMr. Nyatikazi owake waqala umsebenzi wokutshuma yela kwaMatonsi kwesaseMangadini koMtshane wabuye waciteka. Ama hemuhemu ati uya ngaseJudia kwa Shembe. Ufuna ukuquba umsebenzi kona.

Ngike ngati qu ngakwaShembe eJudia. Ayi isikole sakona sipetwe uhlanya lukaTisha, luzikuza izingane kuze kunyakaze izinwele kumuntu obukelayo, kunjalo njalo zifundiswa nobuNazareta. Ziningi kabi. Nakoke esikutandayo.

Wenqabile uChief Mnyameni kuMr. Nyatikazi lapo efuna ukwaka eduze noShembe wati mningi uShembe lapa. Usedhlulele pambili.

Ukupela kwabomdabu eziqingini.

Baqedwa izingubo zabalungu nezifo zabo.

Ukona umlobeli wepepa iTimes aseLondon oti izinkulelwana zaseGilbert Islands, iziqingi ezisePacific Ocean ziyapela. Utike pokusho babulawa vizingubo zabalungu ngoba abafundisi bokuqala bafike bati ukuze babe amakolwa kuhle bagqokise okwabelungu, abantu basuka bati kiti ezingutsheni zabelungu bengakwazi ukupatwa kwazo zajengisa imizimba yabo abaningi sebefile, basafa. Sekute ukuba bakubone kube sobala loku abefundisi sebeti qa, mabaziyeke izinto zokugqoka zabelungu bagqoke okulula kwakubo okuvumelana nomoya nokushisa kwakulelozwe elishisayo. Bengakafiki abafundisi abantu bakona babebhaxela amakasi lana enkamanga noma basubele nje kube kupela. Bafike bepilile abefundisi base befikake bona nokuti mabagqoke abantu, kanti bayababulala. Sebeti ke manje abafundisi maziyekwe izingubo zabelungu kepa abatengisi bate niki bafikisa izimpahla zabo basindezela abantu ukuba bazitenge.

Abanye kepa bati izwe lelo libulawa yibuba nalo elafikiswa amatilosi nabalungu abatengisayo abafike batele abantu bakona.

Siyazi ukuti loku kwenzekile eizweni eziningi okwafika kuzo abelungu zona zimnyama ukuba bese befa abantu bomdabu kukohlakale ukuba yini. Kukona lapa eSouth Africa lapa beti inganti sebetelekile ezweni letu noko sadhlula sanda nabo baze baba netwetwe.

Kepa nakiti ikona.

INGOZI

yazona lezizinto ezimbili ese sizibalile, izingubo lezi zabelungu nebuba neyesitatu utshwala bwabo.

Site banetwetwe ngati ngoba asifi sipele siyanda okuyiko benengwadhla nje yeNative Problem yokuti abantu laba baugenziwa njani ukuba bahlale bepansi kwesicatulo somlungu. Kepa kusobala kutandekile kuNkulunkulu ukuba asibeke nati siqwakuze nakuba sebafika bona aba umtombe kwezinye izizwe. Lezizici ezaqeda ezinye izizwe eziyimidaka nati kuswelcke siziqape zingasipepuli ngoba inxa singagauli sibheka sizaupenuluzeka yizingubo nokuhamba notshwala bascsilungwini obashaya babhuqa amaLawu abafika ake kuleli eKipi.

(Ku Mhleli weLanga.)

Ngiyacela isikalana baba wena kaDube elimtende, ngingomunye wabalamkelayo lelipepa lesizwe angize ngingahlupa.

Umtandazo wami ngiti, Nkulunkulu wesizwe esinsundu, Baba wetu oseZulwini siyakutandaza, tandazeka. Bafundisi betu baseWeseli bafundisi base Church of England bafundisi baseRoma namanye amaSonto, ake nicabange manje indhlela enidonsela kuyo isizwe esinsundu. UWeseli akonanga ngokuleta izwi likaNkulu nkulu kitina sizwe esinsundu nomRoma akonanga naye nomChurch of England" akonanga naye. Sisize Nkosi Nkulunkulu wesizwe esinsundu susa kitina igama elingesilo lakiti lokuti mina ngingumWeseli; umWesili ngumlungu umRoma ngumlungu, umChurch of England ngumlungu. Sisize Nkosi sibe neChurch yase Africa ibenye yesizwe esinsundu eAfrica ake nibheke amabandhla ngamabandhla aLababantu abahlukeneyo abantandazo munye neze ngoba akuzo zasibaya sinye zibang'itunga. Imitandazo iyapambana INkosi ayisisize isikalime singalipati igama okungesilo lakiti igama lase mzini. Ake nime nicabange bafundisi. Siyonondhla nje nati njengabelungu abanondhlayo. Ngiyaqinisa ngiti umnipuma emagameni asemzini uNkulunkulu uzoyamukela imitandazo yetu uyosibuyisela nezwe laokoko betu. Sisize Nkosi sibuyisele abafundi betu ezweni lezizwe. Bati bangamaWeseli bengesiwo, bati bangamaRoma bengesiwo bati bangamaChurch of England bengesiwo. Sisize Nkosi Nkulunkulu, wabansundu ababuyele ekaya lama Africa babe abafundisi besizwe Siyobondhla nati sisizwa nguwe, Simakade. Au, au, safa isizwe! Kubukwani na? Sahlukaniselwani sihlangene nje? Niti imitandazo eyahlukene ingezwakala kanjani kuSomandhla? Ake nizake nibe isizwe esihlungeneyo. Tetelela Mhleli sengelulile kakulu. Mina ngingowenzalo yaseChurch of England angisalifuni lelogama ngabhabatizwa nguRev M. Sibisi waseChurch of England. Ngiti asibuyele ekaya lamaAfrica.

Owako omncane,
ENOCH S. KUMAKO.

Devonia Estate,
Reismierbult,
Transvaal.

Osola Ukulobolisa.

Lencwadi siyitunyelwe nguMrs. Hawkins wase Landswone Mission, Somkele. itatwe epepeni "uBaqa" lasePort Shepstone.

Ebenezer M. S.,
Stegi P. O.
Swaziland,
Jan 31, 1919.

Rev. K. J. Johonson.

Ngicela ibalana oBaqeni. Ngicela kubafundi boBaqa, nakwabanye njalo, ukuba bangitshele ukulunga kwalezinto ezimbili:—

(1) Kupi ukulunga kwesitembu? Mina ngibuka ngiti isitembu singumsebenzi kaStane, ngoba inkanuko yenyama iyamquba umuntu ukutata abafazi abaningi. Omunye utata abafazi abaningi ngoba uyazindhla enhliziyweni yake enemvelo, ufuna udumo ezweni. Poke bupi ubuhle nokulunga kwesitembu na?

(2) Kupi ukulunga kokulobolisana? Abanye abantu abavumi ukuti bayatengisa ngabantwana babo uma belobolisa, kanti kusobala ukuti ukulobolisa ku ukutengisa. Make sibuke kahle, njengoba siyazi ukuti abantwana bangumzimba wako wenyise. Poke kanti kuhle yini ukutengisa ngomzimba wako na? Abesifazane ababi batengisa ngomzimba kwabanye ukutola imali, batenga imali ngomzimba wabo. Nabantu batenga izinkomo ngabantwana babo, abangumzimba wabo. Lapo owesifazane etenzise ngomzimba wake komunye, ungowalowo. Njaloke nomuntu otengisa ngomntanake, ongumzimba wake komunye, lomntwana ungowalowo omtengileyo. Uma behlukene lentombi ibuyela kayise, atenge ngayo izinkomo pambili futi.

Po, kupi ukulunga kuzo lezi zinto na? Au, angikuboni ukulunga lapa kulezi zinto, ngakoke ngiyatunisa ukuti lezinto zimbi, zifanelwe ukufahlwa kanye nayo yonke kuriku ba yobumnyama.

Ngiyajabula ngoba bakona asebenzi lahlile lezi zinto zobumnyama; manje sebayahamba ekukanyeni.

Tetelela Mhleli ngokwelula.

Imina omncane kwabaning,
A. P. PATO.

Okwenziwa Amakolwa.

(Ku Mhleli we "Langa.")

Baba Mhleli, wepepa elidumileyo ngiyacela ukuba ungipe indawo epepeni lako kengibonge engikubone kwenziwa amakolwa aseWeseli. Ngomhla wesiqo lokuqala kuFebruary kwabe kumkelwe umnikelo wokusiza nmngcwabo kaMr. Kwaza ongaseko. Hai, banikela kwa pela imali engapezu kuka £6, nata manye amabandhla baposa open kwakuhle kwadela impela. Futi sibonga ukubona ukuti baselula izandhla njalo ukusiza umfelokazi. Amadoda aseMarried Quarters Location abenze ilanga lomnikelo wokusiza umfelokazi ebenikwa ilaba.

	£	s.	d
Mr. J. Ngcobo nomzi wake		2	9
" S. H. Dubazana		1	3
" C. Matsholo		1	3
" P. N. Mtyali		2	6
" C. Dhlamini		2	0
" C. C. Mtungwa		1	6
" R. Sikakana			9
" C. Dhlomo		1	6
" Maduna		1	0
" T. J. Mahlangu		1	6
" S. Motsiel		1	6
" A. J. Mtetwa			6
" J. Mbhokazi		1	9
" M. Dhlomo		1	3
	1	2	3

Yimi,
A. J. MTETWA.

Intelakabili eGoli.

(AKUCITWA KODWA KUYALUNGISWA OBEKONAKELE.)

Makosi, nebenbhla engilitobeyo; lamazwi angenjhla ngiwaqalisa ukuwayeza. Lapo epepeni ngoba iwona egizimisele ukupuma ngawo impi okutiwe nxa ipakasa kwatiwa. Nawe kChampion pita lelivivo, engiti uje sekuzwakele ukuti nami ngibalwe nabanye abazoqoqa izimali zeCongress yase Natal lapa eTransvaal. Amazwi a angenjhla iwona angeze ngavuma ukutshata umtwalo wokutukwa lapa eTransvaal. Ngoba kusobala ukuti kukona abantu abateliswa kabili. Imali yona ngifuna kuMxozi, Msuto, Mtshangane kodwa futi ngipete izwi eli culu lokuyusa abantu u'cuqaqa bangateliswa kabili. Lamazwi ngitanda ukuwapasa nesenzo eschele nChief S. Mini, Ex-President, Natal Native Congress, esenziwa uNational Congress, nxa leNkosi enotando sebeyiketile yavuma yazama ngawo onke amandhla ayo ukuba itolo izimali yabhalela eGoli ukubantu bayo ukusiza ngokunjalo, ito lapo isizokwela eGoli kwafika kwatiwa. Lamali kaNational Congress eceke uyinikwe wena ngoba iqoqwe igatsha leTransvaal Congress laze lasipatisa yona. Uma uyinikwa iyokokwa aNatal Native Congress. Nasi ke isifundo. Akukatelekeli, noma iningi lelemali likitshwe abantu base Natal okungati noma kuhlolwa izincwadi kubanjalo, kodwa eyeTransvaal Congress. Akukatalekeli noma ungeko umteto oti akubenjalo kodwa funda ewepa loku: Akukatalekile noma kukona nomtanako lapo eGoli uye lowo ke umtanako oyoti uma se efika ekaya umabikela ukuti "Sadhla imali yaseGoli, kipa satsha. Nansoke intelakabilieGoli.

Yona lemali o'vawuyi kipela egameni leNational Congress eGoli iyo futi oyopinde ayikoke ekaya uma uyihlo sekupume umteto eNatal ukuti njengoba, naku sekunje, on'te amadoda atshaye izimbizi kukokwe imali kaCongress wase Transvaal ngoba pela kanti sikoka izimali lapa eGoli sizibhekisa kuNational Congress kanti sizibhekisa kuTransvaal Congress. Engiti ngiqinisile loko ukupanga nokutelisa kabili okwenziwe uNational Congress kitina base Natal esiseGoli. Yebo lombuzo ukona,

KADE NITULELENI?

Impendulo yami ilena ngingedwa, amuko ob'azi ukuti njengoba izitunywa zaseNatal zazicelile zavunyelwa ukuta zingaketelwa amanxusa sekoti uma sekuvela amanxusa kutiwe akwele agamali zawo. Lento kwetukwesayeziwa kuChief Mini. Poke Zulu kunoma uRev. J. L. Dube no Mr. Msane babolekelwe imali sikona, esiyopuma nenzalo ikupi okungcono ukuba situ nasesikoteni iyalahleka siti ibonakanye ibonakabili, siqunge izibindi sipunde sikipa imali bawele bona laba, sedwake kusukela namhla singabe sisepipela sikipe imali ngegama leTransvaal ngoba uma siti loku tina sesayikipa uma sitsho njalo kanti sihuzakile sofika ekaya obaba bebosheshe ko ngipinde ngati ekuqaleni "AKUCITWA KODWA KUYALUNGISWA OBEKONAKELE." Engiti lonke abantu abanemicabango ebona kude bazoyama ukuti ngiqinisile. Abanye bati uPRESIDENT CHIEF

MAKGHATHO nimbikele?

Nansi eyami impendulo. Awuko umtelo osicindezele ukuba simbikele. Sombikela manini mdhla sotola ituba. Naye uqobo lwake lenhlangano uyipete uceptando yake kaholwa mteto. Ziningi izinto ezingavezwa azenzayo ezingeko contetweni nawayipi inhlangano sengitsho nase mhlabeni engiti uma ehlakanipile asoze atanda ukuzenekela—!Siyacelake futi kubo bonke abe ebenza eGoli kumSutu, mZulu, mXosa, siti sikupuleni siposeke obitshini angitsho ukuti ingqala ngati loko, njengoba sengitshilo, ibonakanye ibonakabili.

Lamazwi ngiwatumela emapepeni njengoba ngicabanga ngiti kufanele ngiyatumele ngiyafika kinina senazi ezize ngako nesimo sendaba engingajabula kuti bonke abatandayo ukungibona noma ipi lapa eTransvaal kusuka ePietersburg kuya eFourteen Streams bangangibhalela, nanto nekeli kami ngeduka mina ngedwa noma nonkanye wetu. Ngiyanicela ngini ukungangibhalele.

Yimi umuntu wenu ngenhlonipo.
ALLISON W. GEO. CHAMPION.
Vice Chairman & Organiser,
Natal Native Congress
Transvaal Branch.
The Native Location,
Roodepoort,
Transvaal.

LUNGISELELA UBUSIKA.

Tenga imiti eyokusiza ebusika masinyane. Maningi y magabha ati uma sekufike uChamberlain anyukubale angazinzi, ngenxa yoba uma wona usufikile uqeda ukukwehlela nya. Utengiswa yibo bonke abatengisi.